PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BEKA UVO LWAKHO

ISICELO SOKUTHI UMPHAKATHI ULETHE IMIBONO

IKOMIDI LESISHAYAMTHETHO SIKAZWELONKE ELIBHEKELE EZOLIMO, IZINGUQUKO ZEZOMHLABA NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA AMAZINGA EMIKHIQIZO YEZOLIMO [B15 – 2021]

Ngokuhambisana nenhloso ewumongo yePhalamende yokugqugquzela ukubamba iqhaza komphakathi kanye nokubamba iqhaza ezinqubweni zomthetho, iKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele Ezolimo, Izinguquko Zezomhlaba Nokuthuthukiswa Kwezindawo ZasemaKhaya limema abantu abanentshisekelo kanye nababambe iqhaza abafanele ukuthi balethe ukuphawula okubhalwe phansi futhi bakhombise uma befisa ukwenza izethulo zomlomo mayelana **noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Amazinga Emikhiqizo Yezolimo [B15 – 2021].**

UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Amazinga Emikhiqizo Yezolimo uhlose ukuchibiyela uMthetho Wamazinga Emikhiqizo Yezolimo, we-1990, ukuze kufakwe izincazelo futhi kufakwe esikhundleni seminye; ukuhlinzekela ukucwaningwa komkhiqizo kwezinhlelo zokulawula ukuphathwa kwezinhlelo; ukuhlinzekela ukuhlelwa kwezintela ngabagunyazwe ukubuyisa izindleko; ukwenza ezinye izinhlinzeko zokuthi uNgqongqoshe enze imithetho ephathelene nezinhlelo zokulawula ucwaningo nokuphatha; kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezihlobene nalokho.

Izethulo ezibhaliwe kufanele zithunyelwe kuNksz Albertina Kakaza bese zithunyelwa kuleli kheli: Portfolio Committee on Agriculture, Land Reform and Rural Development, 3rd floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000, zithunyelwe nge-imeyili ku:PCALRRD@parliament.gov.za noma zithunyelwe ngefeksi kulenombolo: 086 694 3529 ungakashayi uLwesihlanu, mhla zingama-30 kuMandulo/Septhemba wezi-2022. Ngaphezu kwezethulo ezibhalwe phansi uyacelwa ukuthi ukhombise uma ungathanda ukwenza izethulo bukhoma. Amakhophi oMthethosivivinywa angatholwa kuNksz Albertina Kakaza, inombolo yeselula: 083 709 8391 noma kule webhusayithi: www.parliament.gov.za

Sikhishwe iNkosi ZMD Mandela; USihlalo weKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele Ezolimo, Izinguquko Zezomhlaba Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya.

Parliament – Following up on our commitments to the People
– Making your future work better